**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE EMCIMBINI WENYANGA YEZOKUTHUTHA EMSINGA MHLAKA 03 OCTOBER 2008**

**Ngiyanibingelela nonke.**

- Kusukela ngo-2005 u-October uba inyanga yezokuThutha kuzwelonke lapho kubhekwa imikhakha ehlukene kwezokuthutha. Kulo nyaka sibheka uhlelo lwethu lwezokuthutha ngo-2010 nangemuva kwawo. NgoLwesibili sithule ngokomthetho inyanga yezokuThutha kuzwelonke kwathi izolo senza okufanayo esifundazweni.

- Uhulumeni wethu uthatha iNdebe yoMhlaba njengeletha umnyakazo omkhulu kwezokuthutha eNingizimu Afrika. Nangemuva kweNdebe yoMhlaba ka-2010, izinhlelo zethu zokuthutha kumele zikwazi ukusimamisa umnotho wethu. Izimali esizitshalayo emisebenzini yezokuthutha nengqalasizinda kumele zihlomulise isifundazwe sonke nezwe lethu lonkana.

- Kodwa sifuna ukuqinisekisa ukuthi ngenkathi sigxila ku-2010 nangemuva kwawo, sizoqhubeka nokuletha imigwaqo emiphakathini yasemakhaya engathintekile ngqo emisebenzini ka-2010 ngokuhlomula kwezomnotho. Akungabazeki-ke ukuthi Umsinga noMzinyathi wonkana uzohlomula kulokhu.

- UMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal ufake imali ebalelwa ku-R120 million ngonyaka wezimali ka-2008/09 ukubhekana nezinselelo zezidingo zomphakathi kulesi Funda.

- Bekuyilesikhathi ngonyaka odlule lapho besethula umkhankaso wethu ka 'Operation Kushunquthuli' lapha eMsinga. Kulo mkhankaso siqinisa ukuzibophezela kwethu ekuletheni ithemba emiphakathini edinga kakhulu ukuze nayo ikwazi ukujabulela impilo engcono kubantu bonke.

- Siyazi ukuthi Umsinga ungenye yezindawo ezamenyezelwa njengezikhungethwe ububha nokuntuleka kwemisebenzi kulesi fundazwe.

- Kuyajabulisa ukuthi nanamhlanje kusaqopheka umlando ezimpilweni zabantu baseMsinga, njengoba sihlaba isoyi njengophawu lokuqala komsebenzi wokwakhiwa kwemigwaqo uNxamalala Extension, uMbangweni Road noMvundlwini Road. Ibalelwa ku-R28 million imali ezofakwa kule misebenzi yomgwaqo.

- Kodwa, ngithanda ukugcizelela ukuthi uma siletha le misebenzi sikwenzela umphakathi ngaphandle kokubheka ukuthi ngowaliphi iqembu lepolitiki. Umgomo kahulumeni wethu uthi uma kwakhiwa kumele imali isale kubantu bendawo.

- Sengiyazi ukuthi kwezinye izindawo kunezikhulu ezisebenzisa ipolitiki ekuqasheni abantu kule misebenzi esiyilethayo. Kodwa ngifuna ukunixwayisa nani njengomphakathi ukuthi ningavumi ukusetshenziswa ngosopolitiki nezisebenzi zikahulumeni ezisebenzisa ubuthaka benu ukuzihlomulisa zona kwezepolitiki.

- Ngenkathi kungena uhulumeni wentando yeningi ngo-1994, inselelo esibhekane nayo akubanga nje ukulungisa ukungalingani kwaphambilini kuphela, kodwa kudingeke sibhekane nezinselelo ezilethwa ubugebengu, ingculazi, ububha nokunye. Yingakho sibe sesizibekela umgomo wokuthi senze impilo engcono kubantu bonke.

- Nokho-ke, impilo engcono ayikwazi ukuvele iqhamuke ngaphandle kwesisekelo. Kumele isekeleke ngaphansi kwezimo ezithile okuwuxolo, intando yeningi nentuthuko.

- Phela akuqali ukuthi kube nohulumeni emlandweni weNingizimu Afrika neKwaZulu-Natal ikakhulukazi. Kodwa abantu bakithi baqala manje ukubona uguquko ezimpilweni zabo olulethwa yizinhlelo zikahulumeni wethu wentando yeningi.

- Ekuphothulweni kwayo, le miwaqo izongena ngaphansi kohlelo lukaZibambele, okuzodala amanye amathuba emisebenzi komama bendawo.

- Mangiphethe ngokugcizelela ukuthi inkohlakalo nokukhwabanisa ngeke sikubekezelele, ikakhulukazi ukuntshontsha imali yomama abampofu kuwumhobholo ongenakubekezelelwa nhlobo. Esikhundleni salokho kumele nibe yisibonelo nithathe uhlelo niluse phambili.

- Kumele siyikhiphe ipolitiki kulolu hlelo. Osonkontileka kumele bakhethwe ngokwezinga lobuphofu emphakathini kuphela.

**Ngiyabonga.**